



an agency of the

Department of Sport, Arts & Culture

The KwaZulu-Natal Performing Arts Company

Declared in terms of section 3(1) of the Cultural Institutions Act, 1998 (Act No 119 of 1998) on 01 April 2003

PO Box 5353, DURBAN, 4000, 29 Acutt Street, DURBAN, 4001, KwaZulu-Natal, South Africa

Tel: (031) 3699555, <http://www.playhousecompany.com>

UKUBHIDELE ITHENDA ELIMAQONDANA NEZEMISEBENZI YEZOKUPHEPHA NOKUVIKELA E-PLAYHOUSE COMPANY ISIKHATHI ESIYIMINYAKA EMITHATHU (3)

INKOMBA: PHC 93/2026

I-Playhouse Company iyisikhungo sezamasiko esamenyezelwa ngokwesigaba 3(1) soMthetho omaqondana Nezikhungo Zamasiko we-1998 (uMthetho uNo. 119 we-1998), esinezakhiwo ezikula makheli, u-231 Anton Lembede Street kanye no-29 Acutt Street, eThekwini.

Kumenywa abahlinzekimsebenzi bezokuphepha nokuvikela abafanelekile ngokolwazi, amakhono kanye nesipiliyoni nabathobela imithetho ukuba babhidele ithenda yokuhlinzeka ngezemisebenzi yokuqapha kanye nezokuphepha ezakhiweni ze-The Playhouse Company isikhathi esiyiminyaka emithathu (3), kusukela **mhla lu-01 kuNhlabathi 2027 kuya mhla zingama-30 kuMbasa 2030**. Lo msebenzi uzobandakanya ithimba elizohlala lisebenza kusukela ngoMsombuluko kuya ngeSonto, okubandakanya namaholidi omphakathi; ithimba elehlukile nonogada abaqeqeshiwe abazosebenza uma kunemibukiso nemicimbii; abasebenzi bokugcwalisa izikhala; kanye nekhono lokuhlinzeka ngezinsiza zokuqapha ezikhethekile.

Le misebenzi kumele yenziwe kusukela ngoMsombuluko kuze kube yiSonto kubandakanya namaholide omphakathi; kumele kube nabasebenzi abanele abaqeqeshiwe bezikhathi zombukiso kanye nemicimbi; abazobashintsha kanye nekhono lokuhlinzeka ngezinsizakalo zokuqapha ezikhethekile.

Isifinyezo Sobubanzi Bomsebenzi: Umhlinzekimsebenzi oqokiwe uzohlinzeka ngemisebenzi eqhubekayo yokuqapha, ukulawula ukungena nokuphuma, ukuqapha igumbi lokulawula, ukubhekwa kwezindawo, ukusabela ezigamekweni kanye nokweseka ukuphepha emicimbini eseBholidini leThiyetha eliku-231 Anton Lembede Street kanye naseNhlokohhovi eku-29 Acutt Street, eThekwini. Lo msebenzi ubandakanya ukuqinisekisa ukuba khona konogada kuzo zonke izindawo ezingumongo ngazo zonke izikhathi zokusebenza; ukuba nethumba lonogada elehlukile uma kunemibukiso; ukuhlinzeka ngabasebenzi abaqeqeshiwe bokugcwalisa izikhala; ukuvikela abasebenzi, izethameli, abaculi, izivakashi, ulwazi kanye nezimpahla; ukuqinisekisa ikhono lokusabela ngokushesha ezimweni eziphuthumayo nasezimweni ezinobungozi obukhulu.

Le misebenzi ihlanganisa ukuhlinzeka ngabasebenzi ngokwezikhundla zabo ngazo zonke izikhathi zokusebenza, kube nelinye ithimba labaqaphi okuzothathwa kulo ngesikhathi sombukiso, ukuhlinzeka ngabasebenzi abaqeqeshiwe, ukuvikela abasebenzi, amakhasimende, abadlali, izivakashi, ulwazi kanye nempahla, kanye nokuqinisekisa ukulawuleka ngokushesha kwezimo eziphuthumayo ezisemthethweni kanye nekhono lokubhekana nobungozi obungenzeka.

Ababhidayo kumele bahlangabezane nazo zonke izidingo eziyimpoqo zokufaneleka kanye nemibhalo okufanele ibuyiswe njengoba kuchazwe emqulwini wethenda, okuhlanganisa nokuhambela umhlangano ophoqelekile wokuhlolwa kwesiza. Ukwehluleka ukuletha ubufakazi obuyimpoqo kuzoholela ekutheni isicelo sakho singabhekwa.

Imiqulu yethenda iyatholakala kusizindalwazi soMnyango Wezezimali kaZwelonke (National Treasury eTender Publication Portal) kanye nakusizindalwazi se-Playhouse Company esithi: <https://playhousecompany.com/tenders/> kusukela ngomhla zi-09 kuMfumfu wezi-2026.

<i>Umhlangano ophoqelekile wokuhlolwa kwesiza ku- 231 Anton Lembede Street, Durban, 4001</i>	<i>ziyi-16 kuMfumfu 2026 ngehora le-11:00 ekuseni</i>
<i>Usuku lokuvalwa kwethenda</i>	<i>zi-02 kuLwezi 2026 ngehora le-11:00 ekuseni</i>

Isaziso esibalulekile somhlangano wokuhlolwa kwesiza: Indawo yokupaka edolobheni laseThekwini ayanele futhi kungase kube nzima ukuyithola. Abafaka amathenda kufanele bahlele uhambo lwabo kusenesikhathi ukuze bafike ngaphambi kwesikhathi sokuqala komhlangano esibekiwe. Isizathu sokuthi ufike sekwedule isikhathi ngenxa yokuthi ubungayitholi indawo yokupaka angeke samukelwe.

Iminyango endaweni yomhlangano izovalwa ngqo ngo-11:00 ekuseni, kanti abafakisicelo abayofika ngemva kwalokho angeke bavunyelwe ukungena emhlanganweni ophoqelekile wokuhlolwa kwesiza.

Ukulethwa kwamaphepha okubhida: Kumele amaphepha okubhida athunyelwe ngezobuchwepheshe besimanje kusetshenziswa i-imeyili noma afakwe ku-link evikelekile ku-

tenders@playhousecompany.com ngaphambi komhla zi-02 kuLwezi 2026 ngehora le-11h00. Ama-imeyili azobhekwa kuphela ngosuku lokuvalwa kwethenda ngesikhathi sokuvala. Imibuzo mayelana nethenda akumele ithunyelwe kuleli kheli. Amathenda azothunyelwa emva kwesikhathi kumbe athunyelwe ku-imeyili eqondene nokubuza imibuzo angeke abhekelelwe.

Imibuzo: uMnu. Siya Manqele, ku-031 369 9507, accountant2@playhousecompany.com; uNkk. Kay Khan, kayk@playhousecompany.com; noma uMnu Athaphiwe Xaba, buyer@playhousecompany.com, ku-031 369 9555.